



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL  
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

# SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

USHICILELO 186 • MARCH 2016

## IsiFundazwe emkhankasweni wokufukula umnotho e-KZN



UNdunankulu wesiFundazwe sakwaZulu-Natal uMnu Senzo Mchunu ethula inkulumbo kwi-Business Chamber. **Isithombe: ZANDILE SHANGE**

UNdunankulu wesiFundazwe sakwaZulu-Natal uphonsele inselelo kwabamabhizinisi ukuthi mabaqonde ukuthi amathuba empumelelo kwezomnotho alesiFundazwe alele ekubambisaneni kwazo zonke izinhlobo ezisingethe umnotho. **Udaba ekhasini 6**



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL  
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI



**Silwisana neSifo seNgculazi neZifo zoCansi**

21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE  
DURBAN ICC 18-22 JULY 2016

**This Is Your Life Live It**  
Access Equity Rights Now





# OKUNGAPHAKATHI



## OWEZEMFUNDO UQHAKAMBISA UKUXOXISANA NEZINHLAKA EZIBANDAKANYEKA KULO MKHAKHA

### IKHASI 3

Ukubandakanywa kanye nokuthola imibono ehlukene kuzo zonke izinhlaka ezithintekayo emkhakheni wezemfundo kungezinye zezinto uNgqongqoshe woMnyango wezeMfundo kulesi sifundazwe uNkk Peggy Nkonyeni azibeke eqhulwini ngaphambi kokuphuthulwa kukasomqulu wamasu azosiza ukushintsha izinto.

## KUMISWE IZISEBENZI ZESIBHEDLELA EMSELENI

### IKHASI 6

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal, uDkt Sibongiseni Dhlomo, uncome ithuba ebelenza uphenyo ngezinsolo zenkohlakalo esibhedlela eMseleni.

## AMAKHANSELA AHLONYISWA NGOLWAZI LOKUTHUTHUKISA IMIPHAKATHI

### IKHASI 8

UHulumeni wesifundazwe saKwaZulu-Natali uyaqhubeka nomsebenzi wokwenza ukuba imiphakathi esifundazweni imelelwe ubuholi obunolwazi olunzulu lokwenza umsebenzi wokuletha intuthuko.

## I-KWAZULU-NATAL IYISIFUNDAZWE SOKUQALA UKUHLONIPHA ABAQEQESHI

### IKHASI 11

IsiFundazwe saKwaZulu-Natali sizihola phambili ngokuba ngesokuqala ukunika izitifiketi abaqeqeshi asebenesikhathi bewenza lomsebenzi kodwa bengawufundele.

## UXABA UFEZE ISETHEMBISO EMZUMBE

### IKHASI 14

Inkululeko yezomnotho kubantu baseMzumbe incike kakhulu ekudlondlobalisweni kokutshalwa kukamoba. Lana amazwi ashiwo nguMhlonishwa uCyril Xaba, onguNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya eKZN, KwaQoloqolo ngesikhathi eyofeza izethembiso ayezenze emphakathi wakuleya ndawo ngo-2014.

# MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

## Ishicilelwa kabili ngenyanga.

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana nehhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma thami.ngwenya@kznpremier.gov.za.

## Ithimba elihlanganise iphephandaba:

**Umhleli omkhulu:** Thamsanqa Ngwenya

**Umhleli wezindaba:** Sibusiso Magwaza

**Umhleli wamakhasi:** Bonga Khoza


## Abezithombe:

Zandile Shange no Yolanda Zondi

© KZN Provincial Government



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL  
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI





# OWEZEMFUNDO UQHAKAMBISA UKUXOXISANA NEZINHLAKA EZIBANDAKANYEKA KULO MKHAKHA

Lolu hlelo lokugasela ezikoleni bengazelele lusisiza kakhulu ngoba lusibekela isimo sezikole njengoba zinjalo nokwenza kube lula ukungenelela ngosizo uma sesazi kahle ukuthi inkinga ikuphi.



UNgqongqoshe wezeMfundo KwaZulu-Natal uNkk Peggy Nkonyeni neNhloko yoMnyango uDkt Nkosinathi Sishi bexoxisana namalungu ezinhlangano ezimele imikhandlu yabazali ezikoleni. **Isithombe: SIBANI NGOBESE**

## SICELO KHUZWAYO

Ukubandakanywa kanye nokuthola imibono ehlukeno kuzo zonke izinhloko ezithintekayo emkhakheni wezemfundo kungezinye zezinto uNgqongqoshe woMnyango wezeMfundo kulesi sifundazwe uNkk Peggy Nkonyeni azibeke eqhulwini ngaphambi kokuphuthulwa kukasomqulu wamasu azosiza ukushintsha izinto.

UNkk Nkonyeni useqale uchungechunge lwemihlangano nabamele izinhloko ezahlukeno emkhakheni wezemfundo ngenhloso yokuthi babe nezwi bese bengeza lokho abacabanga ukuthi losomqulu wamasu kumele ube nakho ukuze ukwazi ukulelelela ekutheni isifundazwe senze kangcono kulo nyaka.

Ekhuluma emhlanganweni wokuqala phakathi koMnyango wezemfundo kanye nezinhlangano

ezahlukeno ezimele imikhandlu yabazali ezikoleni ama-School Governing Body (SGB), uNkk Nkonyeni uthethe inhloso enkulu yokuhlangana nazo zonke izinhloko ukuthola uvo lwazo.

“Sikholelwa kakhulu ekutheni ngaphambi kokuthi siwuthathe njengosuphuthuliwe losomqulu wamasu kumele kube ngukuthi bonke abantu nezinhlangano ezahlukeno esisebenza nazo zibe seziwubonile.

Siyakujabulela futhi ukuthi wonke umuntu ubukeka ejabule ngokuveza kwethu leli thuba.

Kodwa ke okubaluleke kakhulu ngukuthi kuningi esikufundayo kulolu hlobo lwemihlangano.

Ngingasho futhi ukuthi kuningi esikutholayo okuphawulwa yizo lezi zinhloko nesizokwengeza kusomqulu wethu wamasu,” kusho uNkk Nkonyeni. UMnyango uphinde wahlangana

nobuholi benhlangano yabafundi iCongress of South African Students (COSAS) kulesi sifundazwe ngenhloso yokuthola imibono kubo.

Lo mihlangano ucacise ngokusobala ukuthi umhlangano walolu hlobo ubudingeka kakhulu njengoba kunezinto eziningi ebeziqhamuka nabafundi ezimqoka nokuzobaluleka ukuthi zingasali ngaphandle kusomqulu wamasu okushitsha izinto.

Imihlangano yalolu hlobo izoqhubeka kuze kube ngukuthi iningi labantu okumele baphawule futhi bengeze nemibono yabo sebekwenzile lokho.

Khonamanjalo, kwenzeka lokhu nje uMnyango wezeMfundo unohlelo lokugasela ezikoleni othisha bengazelele ngenhloso yokubheka ukuthi ngabe izinto zenziwa ngendlela yini. Izikole ezibhekwe kakhulu kulolu hlelo

yilezo ezingenzanga kahle ngesikhathi zibhala izivivinyo zokuphela konyaka kwiNational Senior Certificate (NSC). “Lolu hlelo lokugasela ezikoleni bengazelele lusisiza kakhulu ngoba lusibekela isimo sezikole njengoba zinjalo nokwenza kube lula ukungenelela ngosizo uma sesazi kahle ukuthi inkinga ikuphi.

Phakathi kwezinto esizitholile kwezinye zezikole esesizihambeke ngukungafiki ngesikhathi kothisha emsebenzini. Siphinde sathola ukuthi othishanhlolo kwezinye

zezikole banenkinga to yokulandela kahle i-curriculum ngendlela efanele.

Lokhu kusikhathaza kakhulu. Senze konke ke okusemandleni ukuqinisekisa ukuthi lesi simo siyalungiswa.

Lezo zikole esesike safika kuzo sifike sashiya ithimba lethu ukuthi lisize ukuze kulungiswe isimo ngoba inhloso yethu akukhona ukuyothetha nokuyosabis othisha kodwa ukuthola izinkinga bese siyangenelela ngokusiza,” kusho uNkk Nkonyeni.

# Human Rights Day

## SOUTH AFRICA UNITED AGAINST RACISM

SOCIAL COHESION

TOLERANCE

ANTI-RACISM

EQUALITY

NON-SEXISM

DIVERSITY

UNITY

HUMAN RIGHTS

NON-RACIALISM

# 21

## UBUNTU

# MARCH 2016

MOSES MABHIDA STADIUM • KWAZULU-NATAL

## 09H00

CELEBRATING 20 YEARS OF THE CONSTITUTION

### 2016: A YEAR OF ACCOUNTABILITY AND QUALITY MANAGEMENT



# INHLALO NEZEMFUNDO SEKUZOTHUTHUKA ENHLAZATSHE

Ingaphezu kuka 89 wamaphesenti imizi yasemakhaya esinogesi esifundazweni saKwaZulu-Natali kusukela kufike inkululeko.

## VERNON MCHUNU

Kulindeleke ukuthi ezemfundo kanye nenhlalo nje jikelele kubekeke ezingeni eliphezulu emindenini eminingi endaweni yase Nhlazatshe ngaphansi kukamasipala wasoNdini. Lokhu kulandela ukukhanyiswa kukagesi ngokokuqala ngaphansi kohlelo oludle izigidi ezingaphezu kweziyishumi nantathu (R13.4 million) lokufakwa kukagesi kulendawo lapho khona abantu bebegcina ngokuwubukela kude ugesi bona bengenawo. Ethula uhlelo ngempelasonto, uNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba zoMdabu, umhloniswa uNomusa Dube-Ncube, uthe abantu baseNhlazatshe ngaphansi kuka Ward 13 kumasipala waso Lundi nabo sebezokwazi ukuphila impilo engcono ngenxa kagesi, nokubandakanya abantwana

besikole asebezofunda kangcono ngenxa yokuthi sebezokhanyiseleka kahle.

Loluhlelo lungolunye phakathi kweziningi esenziwe ukuthuthukisa inhlalo yabantu basemakhaya ngaphansi komasipala abehlukahlukene esifundeni saseZululand, nokubalwa kubona uLundi, uPhongolo, iDumbe, aBaqulusi kanye noNongoma. Phela ngezikhathi zemibuso yobandlululo, bekungabantu abahlala edolobheni laso Lundi kuphela (ezigcemeni zakwa A, B, C no D) abebefakelwe ugesi, bese kuthi abantu basemakhaya bona beyekiwe nje bekhanyisa ngeziphefu namakhandlela futhi behamba amabanga beyotheza izinkuni emahlathini bevika izinhlwathi namabululu. Kusukela kufike uhulumeni ovotelwe ngabantu, sekwethulwe izinhlelo zikagesi zaphothulwa

emiphakathini eyahlukene yasemakhaya oLundi, nokubalwa kuyona ekwa Ceza, kwa Gqoki, eNgqunyaneni, eMbudle, eDlabani, eMdumela, eNhlopheni, eQwasha.

Kanti ezinye uhulumeni aziphothulayo zikwa Godlankomo, eMbanda, kwaMpungose, eMakhosini, kwaNobamba, Emahlabathini kanye nase Ntabebomvu. Lomsebenzi uveza ukuthi emakhaya akhona angu 43 560 esewonke kumasipala wasoLundi, abalelwa ku 39 148 amakhaya asefakelwe ugesi kusukela kuzalwe inkululeko eNingizimu Afrika ngonyaka ka1994. Kanti kulindeleke ukuba imizi ebalelwa ku 4000 nento esasilele nayo ibe isiwutholile ugesi kuleminyaka emibalwa ezayo.

\*Ingaphezu kuka 89 wamaphesenti imizi yasemakhaya esinogesi esifundazweni saKwaZulu-Natali kusukela kufike inkululeko.



Impilo ayisoze yafana nakuqala kumalunga omphakathi waseNhlazatshe njengoba imizi engaphezu kuka-600 isifakelwe ugesi okokuqala ngqa selokhu, bafika kulomphakathi. Osesithombeni, uNgqongqoshe woMnyango wezokuBusa ngokuBambisa kanye neziNdaba zoMdabu, Nomusa Dube-Ncube kanye nesekelelwa Meya lakuMasipala waseZululand uKhansela Esther Qwabe.

## UNgqongqoshe umemezele inombolo yezikhalo



UNgqongqoshe Nkk Ntombikayise Sibhidla-Saphetha Womnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natal

## SANELISIWE MABIJA

UNGGONGQOSHE Nkk Ntombikayise Sibhidla-Saphetha Womnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natal usememezele inombolo yocingo ezosetshenziswa amaciko ukubika uma sekuthathe isikhathi eside engakhokheliwe. Amaciko asengafonela umnyango kulenombolo ethi 0872602990 noma asebenzise i-e-mail ethi enquiries@kzndac.gov.za.

Loluhlelo luza emuva kokuthi amanye amaciko ekhalaze ngokuthi ayaqashwa kodwa angabe esakhokhelwa ngesikhathi, kwesinye isikhathi angakhokhelwa lutho. “Siyacela ke emacikweni ukuthi lenombolo ayiphathise okwezikhali zamaNtungwa ngoba kuyenzeka abantu bakhulume okungeyikho uma benikezwe ithuba elifana naleli.” kusho UNgqongqoshe uSibhidla-Saphetha. Amaciko athole ithuba lokwenza iziphakamiso zawo ngesikhathi kuqhubeka

ingqungquthela ebiseThekwini ebizwa ngokuthi i-Creative Industry Summit. Ngisho i-nyunyana yamaciko i-Creative Workers Union of South Africa ibikhona kulombuthalo odonse izinsuku ezimbili noNdunakulu wesifundazwe uSenzo Mchunu ubekhona wase egqugquzela amaciko ukuthi asebenze ngokuzikhandla aphinde amele isifundazwe noma yikuphi la ehamba khona nasemazweni aphesheya kwezilwandle.

Enye inhloso yalengqungquthela bekuwukubheka izindlela zokuvulela intsha amathuba kwezoBuciko nokubheka izindlela zokuthuthukisa imboni yobuciko bezandla nokubambisana namabhizinisi nabezemithetho.

UNgqongqoshe uSibhidla-Saphetha uphinde wacela amaciko azithuthukise ngokwamakhono ukuze anganciki njalo kuhulumeni uma edinga ukuziphilisa nokuthi angaze afe ehlupheka.



Yiso isithabathaba sesikole esakhiwe uMnyango wezeMfundo KwaZulu-Natal

## UMNYANGO WEZEMFUNDO UVULE ISITHABATHABA SESIKOLE EMZIMKHULU

### MTHOBISI NGUBO

INHLOKO yoMnyango wezemfundo uDkt Nkosinathi Sishi okade ebambeke uMphathiswa wezemfundo KwaZulu-Natali, u Neliswa Peggy Nkonyeni, ivule ngokusemthethweni isikole I-Brandwood Junior Secondary School, eMzimkhulu esigcemeni saseNgunjini mhla zingu 26 kuNhlotlanja 2016.

Kwakukuhle kudelile kudela umakhasana kuvulwa lesithabathaba sebhilidi lesikole.

Kwakugiya kwasani ngisho nembongi yayihaya ibonga kakhulu kuthishanhlolo umama u Msibi okuthiwa wayewa evuka ehamba engqogqoza yonke iminyango

ecela ukuba ukwakhiwa kwesikole kube yimpumelelo. Kwakubungazwa lobuhle obungaka kubongwa nomndeni wakwa Mncadi owanikela ngendawo yawo yase Ngunjini.

UDkt Sishi wadlulisa umyalezo owayewunikwe uMphathiswa u Neliswa Peggy Nkonyeni.

“Kunezindlu eziyisishagalombili ezintsha ezinhle zokufunda nokufundisa, kunezindlu ezimbili zobuchwepheshe lezi ezibizwa ngokuthi ama Multi-Purpose Class Rooms, kukhona indawo yokuhlala izincwadi ebizwa ngokuthi iMedia Centre eyakhiwe ngendlela yesimanje, kukhona ubuxhakalala

bama computer azosiza abantwana ukuze babe ngabantwana abangabahlali bomhlaba (phecelezi Citizens of the World) futhi bazoba ngabaphathi bomhlaba - futhi siwumnyango siyakholelwa kulokhu.

Kukhona nama hhovisi othisha kanti okubalulekile kakhulu kwakhiwe nezindlu zangasese ezingama shumi amabili nantathu,” kubeka u Dkt Sishi.

UMnyango wezemfundo ukhiphe imali engu R 16.2 million ukwakha lesikole.



# UMCULI UTHI UYASIXEBULA ISIGINGCI NENKOSITINA KANTI NASEMLONYENI UKHIPHA INGCWENGA

Lapho sagcina sesingasavunyelwa ukuthi singenele lomcintiswano ngoba sasesithathe izindondo eziyisi 9 iminyaka ilandelana, kwathiwa asidedele abanye sifike ngokuzonandisa kuphela

## STHEMBISO SHANGASE

silomo somculi kamasikandi uMxolisi Nyon’emhlophe Jali uthi udlisa ngenhlonipho nokuziphatha kahle akuthola kuyise olwalungafakwa lubuya nodaka kuye. UNyon’emhlophe oneminyaka engama 34 ungowesihlanu ezinganeni eziyisi 9 zika Ben “Maquba” Jali nomkakhe uNkk Bikeleni MaMzizi Jali abadabuka eNhlamvini ngase Xobho eningizimu yesifundazwe kodwa asebakhe kwaThathani ngaphandle kwakaGqwathaza e Highflats khona eningizimu yesifundazwe saKwaZulu-Natali. “Uyazi kuyisimanga ukuthi angizikhumbuli ngifunda ukushaya inkostina kodwa ngithe ngiqamba inghlakanipha mhlawumbe sengineminyaka eyisikhombisa ubudala bese ngivele ngiyixebula” kusho uNyon’emhlophe. Lensizwa ekhanyayo ngebala ithi uyise uMaquba obenezinkositina abezishaya uma kuhlange ne abantu noma ezihambela evakasha kodwa akazange yena abe umculi osezingeni eliphezulu aze aqophe. Uthi igama lika Nyon’emhlophe uliphiwe yinkakha kamasikandi emkhulisile kwezomculo uPhuzekhemisi Mnyandu abahambe kakhulu naye. UNyon’emhlophe uthi bekuvamise ukuthi uma beyonandisa ngengoma kude, bese amalungu eqembu labo athi uzolala phandle yena ngoba bona bazobe begoyisile, kusho ukuthi kuzobe kugqwayiza iduku elimhlophe elibizwa ngokuthi

inyon’emhlophe. Uthi besekujwayelekile ukuthi kwenzeke lokhu aze ayolala endlini okulele kuyo uPhuzekhemisi, yilapho-ke uPhuzekhemisi egcine esethi kuye akasale eseyivuma eyokuthi unguNyon’emhlophe ngoba lesisimo senyon’emhlophe siqondana naye njalo. U Nyon’emhlophe uthi uhlangane noPhuzekhemisi ngoMandulo wonyaka we 1998 eGoli yena esaculela iqembu lendawo Isisusezwe. “Sathi siseGoli siyofuna indawo yokuqopha ngayixebula inkostina kanti kukhona uPhuzekhemisi wasondela ezobheka ukuthi ubani lona ushaya inkostina kanje wathola ukuthi yimi, ngisemncane ngempela ngalesosikhathi, wabe esengithatha”, kuchaza uNyon’emhlophe. Uthi ngesikhathi esecula noPhuzekhemisi uqhubekile nokuhlonipha waziphatha kahle waze waphiwa inkostina eyayishaywa umfowabo kaPhuzekhemisi osashona uKhethani. “Lenkositina oyibonayo yiyo ngqo ekaKhethani ngayinikwa uPhuzekhemisi nonkosikazi kaKhethani bengihlonipha ngokuthi ngiyayishaya”, kuchaza yena uNyon’emhlophe. UNyon’emhlophe uthi ikhono lakhe kwezomculo lavundululwa wuMnyango Wezobuciko Namasiko kulesifundazwe sakwaZulu Natali ngokubamba imincintiswano yengoma esafunda esikoleni KwaThathani. “Lapho sagcina sesingasavunyelwa ukuthi



singenele lomcintiswano ngoba sasesithathe izindondo eziyisi 9 iminyaka ilandelana, kwathiwa asidedele abanye sifike ngokuzonandisa kuphela” kusho uNyon’emhlophe. Lelibhungu elizithandayo lithi ukushaya kwalo ingoma kugcine sekuliphazamisa esikoleni laqala ukufeyila ibanga leshumi naye laliphinda, nasebangeni leshumi nambili kwaba yiso leso lahaza. “Othisha bagcina sebebiza ubaba ngoba uPhuzekhemisi wayengicele kuye uqobo, bayibeka inking ukuthi sengathi umculo usuyangiphazamisa emfundweni yami” kusachaza yena uNyon’emhlophe. Uthi kodwa wagcina eliphumelele ibanga leshumi nambili wayeseqhubeka nokucula nokubhala izingoma, kwathi ngonyaka wezi 2003 wakhipha i-

album yakhe yokuqala ngaphansi kuka Gallo esihloko sithi “Wavotaphi” kodwa waqhubeka nokusebenzisana noPhuzekhemisi. “Eyesibili ngiyikhiphe ngaphansi kwesitebele sika Zuzumuzi ethi 50/50 njengoba manje sengiphe eyesithathu ngaphansi kweZinganezoma yona ithi “Incwadi Engafundekei”, kusho uNyon’emhlophe. Uthi useke abizwe ezikoleni zendawo ezoluleka izingane ngokuziphatha nokuhlopha.”Ngiiye ngibatshele ukuthi noma ngabe ufuna ukuzihlalela ekhaya, uba umahlalela ongcono uma ufundile, noma ufuna ukuba uskhotheni uzoba uskhotheni ongcono uma ufundile ngakho imfundo akuyona eyabantu abafuna ukuyosebenza kuphela nalabo abafuna ukuzisebenza” kuchaza

uNyon’emhlophe sakuncokola. Uthi amazwe amaningi useyawazi ngenxa yomculo ngisho naphesheya kwezilwandle ko France, Denmark, Argentina, Switzerland, South Korea ne Japan nakwamanye. “Phakathi kwezingwazi engike ngacula nazo kubala uHhash’elimphe, uMfazomnyama ongasekho nabanye nakwiS’xaxa ngacula”, kuchaza uNyon’emhlophe. “Ngiyayishaya inkostina, isiginci kanti nasemlonyeni ngiyacula ngiphinde ngibhale izingoma” Kusho uNyon’emhlophe. Uthi akahambisani nokucula ngabanye abantu nokungcofana kodwa uthanda ukuqamba izingoma ngesimo asibonayo esithinta abantu njengesombusazwe nempilo ngokubanzi.

# Inhlabamkhosi kaXaba kubeluleki bomnyango ngesomiso nemithelela yaso

## SIMPHIWE NDWANDWE

**NAKUBA** izihlambi zemvula zibikwa ezingxenyeni ezingi zesiFundazwe saKwaZulu-Natali muva nje kodwa ongoti bathi kusekude ukuthi sekungathiwa isomiso sesiya ngokushabalala. Lokhu kubonakala ngokuthi amadamu akhiwe nguMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya awakabi nawo amanzi asesilinganisweni esanele ukulekelela abafuyi bezinkomo ukuthi babe namanzi. Amanzi amaningi emvula ebikwayo kuthiwa aphelela enhlabathini. Yingalesi sizathu uNgqongqoshe woMnyango wezoLimo uMnuz Cyril Xaba enze inhlabamkhosi kubasebenzi abeluleka imiphakathi kwezolimo ukuba baphume ngothi lwabo baye emphakathini bayofundisa ngezindlela zokumelana nesomiso. UMhlonishwa uXaba uthe abasebenzi boMnyango kumele bashiye amahhovisi bayofundisa abantu ukuthi yini elungele ukulinywa njengalokhu kudlange isomiso. Okunye athe kumele

kukhuthazwe abantu ukuba bakusebenzise yizikhungo zoMnyango ezibhekele ucwaningo ezithe chithi saka nesiFundazwe. Yilezi zikhungo ezilandelayo umphakathi okufanele uzisebenzise. Yi-Allerton Provincial laboratory eMgungundlovu, Kokstad Research station, yiMakhathini Research station eJozini, yi-Barthlow Combine eHluhluwe neDundee Research station. Amahhovisi ezolimo asezindaweni imiphakathi ezinze kuzo myiwna ayoba nolwazi oluthe xaxa mayelana nemigudu elandelwayo kulabo abazimisele ukusebenzisa ulwazi lwesayensi ekuqhubeni imisebenzi yabo yezolimo. Kuyavunywa ukuthi isomiso simanzonzo kodwa noma kunjalo uMnyango ngokulawula kukaMhlonishwa uXaba usuwenze okusemandleni esikhathi esiwukanya ukusiza abalimi bakulesi siFundazwe abashayekile. Imali engu-R14 million isetshenziswe nguMnyango ezinhlelweni zokuhlizeka abalimi ngezinsiza zokubhekana nesomiso

njengokuthengwa kokudla kwezinkomo nemikhumiso kuhlanganisa namathango okugcina amanzi. Enye ingene ohlelweni lokuthengwa kwemithi yokubulala izikelemu ezinkomeni nokukhishwa kodaka emadanyini asezindaweni zamakhosi ukuze abe sesimweni esihle sokugcina amanzi. Omunye wabalimi abahlomulile uMnuz Mncedisi Yeni, wasoPhongolo, uthe baluthakasele kakhulu usizo abaluthole eMnyangweni ngoba lukwazile ukubasiza baphunge umthelela omubi isomiso ebesizoba nawo emfuyweni ukuba akaze basizakale. “Mina ngathola ukudla okugayiwe nakuba ngijabule ngokosizo lukahulumeni izinkomo zami zathola ukucoshacsha ngoba lapho sizinze khona kubomvu amaqele ngenxa yesomiso akukho ngisho amazolo lawa,”kusho uYeni. Uthe usizo basaludinga ikakhulukazi njengoba edinga utshani. Isibalo sabalimi abadinga usizo siningi kakhulu ngakho uMnyango uyaphoqeleka ukuthi unike usizo abantu



Labo ngabanye abalimi abahlomule ohlelweni lokutakulwa kwalabo abakhahlanyezwe yisomiso. **Isithombe: MBUYISELO NDLOVU**

abanezinkomo ezine kuya phezulu. Bangu-6 200 abalimi asebehlomulile kulo mshikashika wokutakula abalimi kanti imfuyo esizakele ingu-65 900. Usizo alubandakanyi labo abafelwe yimfuyo kodwa okwamanje lugxile kulabo abasembhidlangweni wokuvikela imfuyo abanayo ukuthi ingafi. Njengoba isomiso sidale ukuthi kwenyuke nentengo yokudla ezitolo abasebenzi ngeke baze bagxile nje ekwelulekeni abantu

mayelana nendlela yokutshala kodwa bazobahlomisa nangezindlela zokuthenga ngokonga ikakhulukazi embewini, umanyolo njalonnjalo. Njengalokhu izangoma zezulu ziqagula ukuthi kungenzeka kube khona izimvula ezinamandla ezingadala ukuthi wehle umonakalo wesomiso, uMnyango uzolokho umatasa ngezawo izinhlelo ukuqinisekisa ukuthi abantu baKwaZulu-Natali abakhali ubumayemaye.



# ISIFUNDAZWE SIZIMISELE UKUSEBENZISANA NAZO ZONKE IZINHLAKA UKUFUKULA UMNOTHO

Umnotho wesifundazwe uncike kakhulu ekufezekeni kwezinhlosongqangi zeNational Development Plan” usho kanje okaMacingwane.

## SIBUSISO MAGWAZA

UNdunankulu wesifundazwe sakwaZulu-Natal uphonsele inselelo kwabamabhezini ukuthi mabaqonde ukuthi amathuba empumelelo kwezomnotho alesiisifundazwe alele ekubambisaneni kwazo zonke izinhlobo ezisingethe umnotho. Lokhu kusho ukuthi kufuneka zisebenze ngokuphindaphindiwe ukukhulisa amabhezini nezomnotho ngoba isifundazwe sibheke impumelelo kosomabhezini ngaphezu kokuba silindele izidingo kuHulumeni. Lapha uNdunankulu ubekhuthaza osomnotho ngenkathi ehlangene nabo eRoyal Hotel eThekwini ngesonto elidlule. Lona ngomunye wemizamo kaNdunankulu noHulumeni wesifundazwe yokukhuthaza ukwakhiwa kwamathuba emisebenzi ukuze kufukulwe umnotho. Lemizamo ilandela inkulamo kaNdunankulu ayethulele isifundazwe eRoyal Show Grounds ngenkathi edweba isithombe esikhombise umnotho wesifundazwe ontengayo kulandela ukwehla kwamandla omnotho emhlabeni jikelele.

Lenguyazana ingomunye womzamo kaNdunankulu, iDurban Chamber of Commerce kanye nenkampani yabacwaningi i-Pricewater Cooper. UNdunankulu ukhuthaze abamabhezini ukuthi bahlale bexoxisana nosopolitiki emazingeni onke kaHulumeni, wathi uma benza kanjalo lokhu kuzokhuphula amathuba okukhulisa umnotho wesifundazwe. Uqhube wathi kungaba yinto enhle ukuthi bonke ababambe iqhaza emnothweni bacobelelane ukuze kufezekwe izimfuno zabantu ababamele. “Umnotho wesifundazwe uncike kakhulu ekufezekeni kwezinhlosongqangi zeNational Development Plan” usho kanje okaMacingwane. Uthe umsebenzi usemahlombe kaHulumeni wakhe ukuze izethembiso ngokulethela abantu izinsiza, kodwa futhi kumele baqoqe nentela ngendlela egculisayo ukuze umnotho uqhubeke nokusimama, kuvele namathuba emisebenzi. Ubuye wathi ukuze siguqule isimo esikuso njengamanje, kuzidinga wonke umuntu azibambe ziqine. “Ukusebenzisana kukaHulumeni nabezimboni kubukeka kuyisiqalo



esihle futhi esingaba nomphumela ongaletsha ithemba kuzigidi-gidi zabantu bakulesisifundazwe abantula amathuba emisebenzi.

Kukhona ukusebenzisana ngomdlandla omkhulu ebuholini bukaHulumeni kanye nabamabhezini ukushintsha isimo

esikuso ukuze kuvele isithombe esisha ngesifundazwe sethu” kushu uNdunankulu.

## Kumiswe izisebenzi zesibhedlela emseleni

### AGIZA HLONGWANE

UNGqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal, uDkt Sibongiseni Dhlomo, uncome ithimba ebelenza uphenyo ngezinsolo zenkohlakalo esibhedlela eMseleni. Lokhu kulandela izikhalo zomphakathi wase-Mseleni zokuthi iziphathimandla zakulesibhedlela ziyenzelelele ekuqasheni abantu uma kunezikhala zemisebenzi. Lezi zikhalo ziphathelele nezikhala zomsebenzi wama-general orderlies - okungabantu abayalela iziguli lapho okumele

ziye khona esibhedlela - kanti ezinye ziphathelele nomsebenzi wokuhlazwa kwezingubo zokugqoka nokulala, okuthiwa zakhangiswa kodwa kwangaqashwa muntu wendawo. Ngesikhathi ithimba lenza uphenyo lacela laphinda amaphepha alandelayo: Imiqingo ephathelele nabasebenzi abaqashiwe; Amaphepha okushicilelwa kuwona uma ngabe kuqashwa abasebenzi; kanye nalapho kwakubhalwa khona ngesikhathi

kwenziwa inhlobo -khono kanye nemibuzo eyabuzwayo. Ngemuva kokwenza uphenyo lwesikhashana, ithimba ebelenza uphenyo lithathe isinqumo sokubamisa bonke abathintekayo: Abasebenzi abelekelela abantu (General Orderlies) abangu-27, umphathi we-Laundry; Umphathi wakwa-Ndabazabantu (Human Resources), kanye no-Systems Manager. UDkt Dhlomo, ongungqongqoshe wezeMpilo kulesisifundazwe

usezwile ngalezizinsolo zokuthi abanye babaphathi abaphezulu bayaphenywa, nokuthi kwatholakala ukuthi abasebenzi kwathiwa abakhumule basale nqunu ngesikhathi kubhekwa incwadi ebilahlekile ibhalwe yinduna. Le ncwadi kuthiwa ibiqinisekisa indawo yokuhlala yomunye umsebenzi obesanda kuqashwa okusolakala ukuthi akayena owokudabuka kule ndawo yaseMseleni.

UNGqongqoshe Dhlomo uthethe bonke labo abathintekayo bazodalulwa. Uthe bajabula kakhulu ukuthi besekwe ngisho nawuSodolobha, abaholi beNdabuko kanye nawumphakathi kuloludaba. Uqhube wathi bazibophezele ukusiphula zonke izimpande zenkohlakalo bese bebuyisela igama elihle lesibhedlela sase-Mseleni.



21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE

DURBAN ICC JULY 18-22, 2016

*“Strengthening the Fight Against HIV and AIDS Pandemic”*



ACCESS • EQUITY • RIGHTS NOW !





UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo ethekelisa ngegazi eMaga City.

# UNGQONGQOSHE WEZEMPILO KWAZULU-NATAL UNXUSA UKUBA KUNIKELWE NGEGAZI

Izibalo ziveza ukuthi umuntu oyedwa kwabane udinga igazi. Yiqiniso elingeke laphikiswa ukuthi isifundazwe sethu sikhungethwe kakhulu igciwane lengculazi kanye ne-Hepatitis B.

## AGIZA HLONGWANE

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo unxusa bonke abantu bakulesisifundazwe ukuba banikele ngegazi. Oka Dinangwe uthi lokhu kuyinto emqoka kakhulu. UNgqongqoshe uDhlomo uthetha kunganikelwa ngegazi esikhungweni esithekelisa ngegazi i-South African National Blood Service (SANBS) enxanxatheleni yezitolo iMega City eMlazi nakwezinye izindawo i-SANBS inegazi cishe elinganela izinsuku

ezintathu kuya kweziyisithupha kuphela esifundazweni saKwaZulu-Natal. “Sihlala sizwa njalo ngokuntuleka kwegazi ezibhedlela zethu. Yingakho namhlanje ngilapha ngizonikela ngegazi.” kusho uDhlomo. “Ngithanda ukunxusa bonke abantu bakulesisifundazwe ukuba benikele ngegazi. Ukunikela ngegazi kungenye yezinto ezinhle nezibalulekile”, kuqhuba uDhlomo. Uthe ukunikela ngegazi kungasiza owesifazane

obelethayo, olimele engozini yemoto noma ophethwe umdlavuza kanye nezinye izifo. Uthe ukunikela ngegazi kusindisa izimpilo. “Izibalo ziveza ukuthi umuntu oyedwa kwabane udinga igazi. Yiqiniso elingeke laphikiswa ukuthi isifundazwe sethu sikhungethwe kakhulu igciwane lengculazi kanye ne-Hepatitis B. Zombili lezizifo zibucayi kakhulu uma umuntu ezonikela ngegazi. Lokhu kunciphisa isibalo sabantu abanikela ngegazi.” UDkt Dhlomo uphinde

wagcizelela izimo ezimqoka ezidinga igazi. “Isicelo sethu njengoMnyango wezeMpilo esokuthi zonke izakhamuzi eziphilile zibe yingxenywe yokunikela ngegazi ngoba lidingeka kakhulu kulezimo ezilandelayo: Ezimeni ezibucayi noma umuntu ehlinziwe opha kakhulu. Igazi lidingeka kakhulu uma umuntu opha elimale engozini yemoto njengoba isifundazwe saKwaZulu-Natal sithandwa kakhulu kwezokungcebeleka nokuvakasha.

Liphinde lisize kulabo abasuke belimale ezigamekweni zodlame esiFundazweni. Ukunikela ngegazi kungasiza ukwehlisa isibalo somama abashona bezobeletha noma izingane ezidinga igazi.” Kuqhuba uDhlomo. Uthe uthanda ukuthi kwazeke ukuthi njengesifundazwe saKwaZulu-Natal sisesimeni esikahle sokuthi izindawo zethu ezigcina igazi zihlale zinegazi, kodwa lokho ngeke kwenzeke uma singanikeli ngegazi.



## Silwisana neSifo seNgculazi neZifo zoCansi

21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE  
DURBAN ICC 18-22 JULY 2016

**This Is Your Life Live It**  
Access • Equity • Rights • Now





# AMAKHANSELA AHLONYISWA NGOLWAZI LOKUTHUTHUKISA IMIPHAKATHI

Sikhanda amakhansela esizoba nesiqiniseko sokuthi analo ulwazi mayelana nokuthi umthetho-sisekelo nje uwodwa uthini mayelana nomsebenzi womasipala ukuthuthukisa izimpilo zabantu.

## VERNON MCHUNU

**U**Hulumeni wesifundazwe saKwaZulu-Natali uyaqhubeka nomsebenzi wokwenza ukuba imiphakathi esifundazweni imelwe ubuholi obunolwazi olunzulu lokwenza umsebenzi wokuletha intuthuko. Ngempelasonto, amakhansela angamakhulu ayisithupha abethweswa iziqu ezifundweni zokusingatha izinhlelo zokuthuthukisa umphakathi kanye nezobuholi bomdabu. Umnyango wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu ukhuthaza amakhansela ukuba azithuthukise kwezemfundo, kanti usuqhamuke nohlelo lokuba amakhansela minyaka yonke afunde ngenhloso yokuba awenze ngempumelelo umsebeni wawo wokubhekelela ukusebenza komasipala ukuze ukulethwa kwentuthuko kubekeke ezingeni eliphezulu. Ekhuluma emcimbini

wokwethweswa iziqu amakhansela, uNgqongqoshe womnyango umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube uthe: “Sikhanda amakhansela esizoba nesiqiniseko sokuthi analo ulwazi mayelana nokuthi umthetho-sisekelo nje uwodwa uthini mayelana nomsebenzi womasipala ukuthuthukisa izimpilo zabantu. Sifuna amakhansela awazi njengoba unjalo umthetho obhekelele ukusebenza komasipala futhi abe nolwazi olunzulu ngobumqoka bobuholi bomdabu ukuze kube khona ukusebenzisana phakathi kwamakhosi nezakhiwo zawo ekwenzeni ngcono izimpilo zemiphakathi.” Ngaphansi kwaloluhlelo olwaziwa nge Accredited Councillor Training Programme (NQF level 3), amakhansela afundiswa ngesimo sezakhiwo zomasipala nomsebenzi wazo; imithetho eyahlukahlukene yomasipala

okubalwa kuyona imithetho yokusetshenziswa kwezimali; ukuphatha ngendlela kanye nendlela yokuziphatha uma uyikhansela noma ungumholi womphakathi; phakathi kokuningi. U-Dube-Ncube uthe loluhlelo lwezemfundo luhlomisa amakhansela ngolwazi olunzulu noluyosiza ukuthi ngisho ikhansela seliphumile emsebenzini wobukhansela liqhubeke kodwa likwazi ukwenza eminye imisebenzi ebandakanya ukuthuthukisa imiphakathi. “Amanye amakhansela ngeke esabuyela emsebenzini wawo njengoba kuzoba khona ukhetho lohulumeni basekhaya. Ngaleyondlela azokwazi amakhansela ukusebenzisa lezizifundo asezenzile ukwenza eminye imisebenzi ehlukahlukene kuhulumeni nasemiphakathini,” kuchaza ungqongqoshe.



Amakhansela angaphezu kuka-600 atheswe iziqu, emkhakheni wezoHulumeni BaseKhaya. Esithombeni uNgqongqoshe wezoMnyango wezokuBusa ngokuBambisa kanye neziNdaba zoMdabu uNomusa Dube-Ncube

# Ibashaye emakhanda abesimame insizwa ewuthisha wenkulisa emncintiswaneni we NDA

## SIMPHIWE MKHIZE NO MTHOBISI MBANJWA

**AYIKHOLWA** ukuthi iyona edle umhlanganiso insizwa etonyulwe njengothisha wenkulisa ovelele esiFundazweni saKwaZulu-Natali, emcimbini obuseThekwini, muva nje. Lomcimbi ubugququzelwe yisakhiwo esizimele esisebenza ngaphansi koMnyango wezokuThuthukisa koMphakathi, i-National Development Agency (NDA). UMnumzane Thokozani Msimang (29), osebenzela inkulisa iSilindokuhle Creche, e-Unit 6, e-Hammarsdale, uhambe phambili kulomncintiswano waminyaka yonke, okuhloswe ngawo ukuba kugququzelwe othisha bezinkulisa okuvame ukuba abantu besimame, ukuba babhukule, bawenze ngokuzimisela umsebenzi wabo wokufundisa odado. Kulomcimbi obuhanjelwe uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, ilokishi lase Hammarsdale livele njengelisezingeni eliphezulu ekusebenzeleni izingane ezisenkulisa. Uthisha wenkulisa iSiduduzo Creche yase-Hammarsdale, naye uphinde wamukela isitifiketi senkulisa yakhe eqokwe njengehamba phambili ezinkuliseni zase KZN. UNgqongqoshe Thusi uwushayele ihlombe lomncintiswano owaziwa ngeKwaZulu-Natal 2015 Provincial Early Childhood Development (ECD) Awards, ngokukhuthaza izinkulisa nothisha bazo ukuba babhukule ukuze ikusasa



labantwana libe eliqhakazile. Abadle umhlanganiso kulesi siFundazwe bazodlulela eGauteng kuwona lonyaka lapho bezoncintisana nezinye iziFundazwe ezingeni likazwelonke. IMeninja ye-NDA, esiFundazweni saKwaZulu-Natali, uNkosazane Yolisa Ndima, ubonge uNgqongqoshe Thusi ngokufukamela izinkulisa nomsebenzi woMnyango kulesi siFundazwe ngokuzimisela, ugqozi, nangothando. UNkosazana Ndima uthe: “Lomncintiswano lokhu waqala ukuba khona ngonyaka ka-2003 usingethwe yiBhange lakwa-ABSA. I-NDA ibe isiwuthatha kusukela ngonyaka ka-2014. “Inhloso yalomncintiswano ukuqhakambisa izinhloso zezinkulisa, okuwukuqeda ububha

nokugququzelwa ukusebenza okusezingeni eliphezulu. Lomncintiswano ubheka ukukhula komntwana okuhlenganisa ukunakekeleka kwengane kwezempilo, ukondleka, imfundo, isimo semvelaphi ngokomndeneni kanye nomphakathi. “IsiFundazwe saKwaZulu-Natali sidle umhlanganiso kusukela ngo-2006 lapho sawina khona i-KZN Resource and Training of the Year, kwathi ngonyaka ka-2008 sadla umhlanganiso kwi Community Based Centre of the Year, kwathi ngonyaka ka-2012 sakhupha i-ECD Practitioner of the Year, ngo-2013 sakhupha i-ECD Trainer of the Year. Emncintiswaneni wonyaka ka-2015 kulesi siFundazwe kungene izinkulisa ezingu-96, kwathi othisha bona baba u-88. “Amafomu okungenela lomncintiswano

ayatholakala emahhovisi oMnyango, South African Early Childhood Development Congress, kanye nasemahhovisi akwa-NDA eHluhluwe, Vryheid naseXobho,” kusho uNkosazana Ndima. UNgqongqoshe Thusi uthe: “Ayingabikhona ingane eqala esikoleni ingadlulile kwi ECD. Siyazi umsebenzi wezinkulisa unezinselelo, okuhlenganisa ukungakhokhelwa ngokwanelisayo kothisha, kanye nokungafiki kwemali yokusebenza ngesikhathi. Noma bekhona oSonhlalakahle abasebenza ngendlela encomekayo, kodwa siyazi ukuthi niyaba nezinkinga kwezinye izindawo. “Njengosopolitiki, ngiye ngifise ukuhamba nazo izikhulu zoMnyango uma ngiya kubantu ukuze bazizwele izikhalo zabo. Esikulwelayo ukuthi uma kufanele

nithole imali yenu, anyithole ningasokoliswa. “Ukulungiselela umntwana ukuthi abe umuntu umsebenzi omkhulu. Yingakho uMnyango wethu uhlinzeke imali engango-R400 million yezinkulisa kulonyaka wezimali. Ezinkuliseni ezingu-2 079 ezisebenza ngokusemthethweni, uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi uxhase ezingu-1 689. Esikutholayo futhi ukuthi bancane abantwana abahamba izinkulisa kulesi siFundazwe. “Noma ubani angayiqala inkulisa kurondaveli noma egaraji, kodwa asazise njengoMnyango ukuze sikwazi ukubhalisa leyonkulisa ngokusemthethweni silekelele futhi okungenani ngokudla, amathoyizi, kanye nefenisha ngokusebenzisana noSomabhizinisi. Silindele abaphathi bezinkulisa ukuba babe yingxenywe yezinhloso ezibhekelele ukusebenza kwezinhlangano ezingenzi nzuzo kulesi siFundazwe ukuze bakwazi ukuthola izimali zoxhaso noma yikuphi. “Siyazibophezela ukukhuphula inani lezinkulisa esizixhasayo ngoba iningi lazo lisebenzela imiphakathi entulayo. Sisebenza ngokubambisana noMnyango wezeMpilo kanye nowezeMfundo. UMnyango wezobuCiko namaSiko nawo usethubeni lokulekelela ngezinhlelo zokudlala nokuzivocavoca ngoba lokhu kubalulekile ekukhuleni komntwana,” kusho uNgqongqoshe uThusi.

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, ngesikhathi ehambele umcimbi wokuklomelisa abaphumelele abasebenza ezinkulisa. Lapha uthathwe noMnumzane Anthony Boucher, onguMqondisi wakwa-NDA osabambile, kanye nabasebenzi basezinkulisa nodado.



# KUNXUSWE ABESIFAZANE ABAHLUKUNYEZWAYO UKUTHI BAYEKE UKUSULA AMACALA

Izidakamizwa yizona ezenza abantu baziphathise okwezilwane. Nina mphakathi niyazi ukuthi zitholakalaphi izidakamizwa. Asifuni igama lakho.

## SIMPHIWE MKHIZE NO SIBONISO KHUZWAYO

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, uyingxeny yethimba loMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi, elilifulathele namuhla lilibangise eMelika ukuyokhuluma ngomsebenzi omkhulu loMnyango obhekene nawo emcimbini ozobe wengamelwe u inhlangano yeZizwe, i-United Nations (UN). Lokhu uNgqongqoshe uThusi ukuveze emcimbini wokugubha uSuku loMhlaba lwabantu besiFazane (i-International Women’s Day) egujwa njalo ngoMarch 8. Lomcimbi ubuse Mbumbulu, kuwadi 67 ongaphansi kwukamasipala weTheku, obusezinkundleni iBhekulwandle. Uthe: “Namhlanje ilanga elikhulu. Lohulumeni wabantu esiwuthandayo wakwazi ukusihlanganisa nomhlaba wonke owawusidubile usinswinya nakwezomnotho, ezemidlalo, ezobuciko namasiko nakweminye imikhakha yempilo ngenxa yenqubo yobandlululo. Yingakho nathi sesiyingxeny ebalulekile yokubungaza lolu suku lokuvikela abesifazane nezingane ukuba bangahlukumezeki.” UNgqongqoshe waloMnyango ezingeni lika Zwelonke, uNkosikazi

Bathabile Dlamini, kanye nabaholi boMnyango wakhe, babonakala beyisibonelo esihle emehlweni omhlaba njengoba loMnyango usuthole ukutuswa yiNhlango yeZizwe, i-UN, ngaphambilini ngokukwazi ukwehlisa izinga amantombazane athembela ngalo kwabesilisa baze bazibeke engcupheni yokuthola igciwane lesandulela ngculaza. UNgqongqoshe uThusi uqhube wathi: “Inkinga yethu thina bantu besifazane ukuthi sithembela kakhulu kubantu besilisa abasebenzayo, yingakho kuba lukhuni ukubashiya nokubabopha uma besihlukumeza. Lendawo inezimhlangano zemipijilandawonye (ama-cooperatives) zabantu besimame ezingu-36. Asisukumeni singo mama. Ayakwazi ukulithola uxhaso amacooperatives ukuze sehlise izinga lokuthembela kwabesilisa silahlekelwe isithunzi, bangasihloniphi. “Uhlelo olwaziwa nge He For She lusho lokhu obekushiwo uMphathi wakwa-SAPS, uBaba uNgidi, uma ethi amadoda awazibophezele ekutheni angeke abahlukumeze omaqondana bawo nezingane. Uma ehluleka ukumelana nesethembiso ashaye abantu abathembeke kuyena, siyalikhipha

igama lakhe ohlwini lwalabo abazibophezele ukungabi nodlame emakhaya.” UNgqongqoshe uThusi uhlab e ikhwelo kwabesilisa ukuba bazame ngokusemandleni ukwenza ubudlelwano babo nabantu besifazane bube obungenalo udlame, noma bakuqikelele ukuthi kubekhona osukayo ekubeni seduze komunye uma ukuzwana kungekho, kungaze kube khona isidingo sokuthi kuyiswanwe emaphoyiseni noma kube khona olimalayo noma ofayo. “Abantu besilisa siyabathanda njengezithandwa zethu, izingane zethu, kodwa ukusula icala uma ekushaya akukusizi ngoba kuthi kungakapheli nasikhathi esingakanani abuye akushaye futhi. “Izidakamizwa yizona ezenza abantu baziphathise okwezilwane. Nina mphakathi niyazi ukuthi zitholakalaphi izidakamizwa. Asifuni igama lakho. Ungasho ungasitsheli ukuthi uwubani. Kulomcimbi uMnyango ububambisene nobukhosi bendabuko obebumelwe Inkosi uNathi Maphumulo, ubuholi nezisebenzi zaMasipala weTheku, amaphoyisa kahulumeni iSAPS, inhlangano ezimele ebhekelene nokuhlukunyezwa kwabesifazane nezingane esebenzisana namaphoyisa nabezenhlalakahle,



UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, iNhloko yoMnyango KwaZulu-Natali, uNkosazana Nokuthula Khanyile neNkosi uNathi Maphumulo, ngesikhathi behambele eminye yemindeni.

iBobby Bear, kanye nesakhiwo saloMnyango sezempesheni nokubhekelelwa kwezintandane nabantulayo, iSASSA kanye neminye imiNyango kahulumeni. UNgqongqoshe uThusi uqale ngokuvakashela umndeni wakwaNdlovu ongomunye wemindeni ehlwempu kulendawo njengoba umama wekhaya ehlala nezingane zakhe nabazukulu endlini eyikamel o elilodwa elakhiwe ngodaka nothayela, kanti bayishumi nambili abantu abahlala kulomuzi sebe bonke.

“Isivumile iNkosi Maphumulo ukuthi umndeni wakwaNdlovu ube owokuqala njengoba lendawo isizoqala ukuhlomula ngezindlu ezixhaswe uhulumeni wabantu. UNgqongqoshe uThusi ube esepha imindeni entulayo igilosa, kwathi abadala bathola izingubo zokulala, izinduku zokuhamba, kanti izinkulisa zendawo zihlomule ngefenisha nomatilasi, kwathi isalukazi esesidlulile eminyakeni eyikhulu kulendawo sathola isiphoso saso sodwa ukuze sizithokozise.

# Bakhishwe sebeqashwe ngabakwasidlodlo abasebenzi kuphenywa inkohlakalo eMpangeni

## SIMPHIWE MKHIZE NO SIBONISO KHUZWAYO

UNgqongqoshe woMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi uthembise abezinyunyana ukuthi luzoshesha uphenyo ngenkohlakalo emahhovisi ase-Lower Umfolozi, njengoba esemise abasebenzi okwesikhashana. UNgqongqoshe uThusi utshele abamele abasebenzi kuleli hhovisi emva kokwazisa abasebenzi kanye nomphakathi odinga usizo lwezibonelelo zezingane kanye nentsha engasenabazali, ukuthi kunemali engango R1,6 million ekhokhwa ngenyanga okudinga ithimba eliphezulu laloMnyango lihlole ukuthi iyafika yini kwabahlinzekelwe wona. Utshela izinyunyana, obekukhona phakathi kwazo i-National Union of Public Services & Allied Workers (NUPSAW), i-PSA kanye neNEHAWU, ukuthi inselelo yokwehlisa inani lezingane ezingatholi sibonelelo esaziwa nge-foster caregrant uma umuntu omdala ofanelekile enakekela ingane engena bani noma engakutholi ukunakekeleka ngenxa yokuthi a bazali abasekho, abasebenzi no

ma abaziwa ukuthi bakuphi, yenze kugcine sekunomkhonyovu kuleli Hhovisi. Uqhube wathi Inkinga yabasebenzi baleli hhovisi ukuthi benze kwangasebenzeka kusukela ngomhlaka 1 kuMashi 2016 mhla kuthathwa isinqumo sokuthi akumiswe ukukhokhwa kwezibonelelo ngenxa yokuthi leli Hhovisi lahluleka ukuvezela iziphathimandla zaloMnyango amafayela awubufakazi ukuthi izingane eziholelwayo zikhona ngempela yini. Kuthe noma seku bizwa amaphoyisa ukuba azovim ba ukuthi amahhovisi kanye namafayela kahulumeni kuphephe njengoba amalunga omphakathi athile ayesevu ke umbhejazane, kwaba yibona abasebenzi abavikela abantu ukuthi bangathikamezwa ekuvimbeleni ukusebenza okujwayelekile kulamahhovisi. Emva kwalokho kwaqala umkhuba wokuba abanye babasebenzi balelihhovisi bathumele uhla lwezingane okufanele luholelwe nokungafanele ziholelwe, kanti ngokomthetho kufanele uhla olusuka eMnyangweni luya kwaSASSA lusayindwe umphathi wehhovisi loMnyango.



UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi (ophakathi nendawo), uSomlomo kamasipala uThungulu, uKhansela Alice Mthembu nePhini likaMeya kamasipala uMhlathuze, uKhansela Zethu Gumbi, ngesikhathi bekhuluma nabasebenzi boMnyango.

Inselelo ngabasebenzi abangawenzi kahle umsebenzi nabanenkohlakalo ikhona emaHhovisini oMnyango afana naseMbumbulu, eShowe, eVulamehlo, kodwa kulelihhovisi laseLower Umfolozi akukho ukubambisana ekutholeni izixazululo enkingeni yezingane ezingazitholi izibonelelo zazo, kanye nomkhonyovu wokwakhiwa kohla lwezingane ezingekho ukuze kuhlomule izisebenzi ezithile zoMnyango. UNgqongqoshe uThusi ubesenxusa omunye wezikhulu eziphezulu zoMnyango kulendawo, uMenenja wesiFunda, uMnumzane

Ntokozo Mchunu, ukuba afunde umbiko ogcwele kwabamele izinyunyana, ukuze kucace ukuthi yini eyenze ukuba kube khona lolu phenyo. Njengoba lolu phenyo lungathatha okungenani isikhathi esingangezinsuku ezingamashumi ayisithupha, aba sebenzi abazokuvunyelwa ukuba semsebenzini, abazukwazi ukungena bathathe amafayela noma iminininingwane ngokusebe nza kwaleli Hhovisi. Ngesikhathi uNgqongqoshe ehambela kuleli hhovisi, abasebenzi bakhishwe sebeqashwe ngeso lokhozi ngabakwasidlodlo nonogada abazimele, abaqashwe

ngumnyango. Banikwe umhlabakhefu wezinyanga ezimbili ukuze kulungiswe indlela elisebenza ngayo ihhovisi. Okwananje kunethimba labasebenzi elibekwe kuleliya hhovisi elizoqinisekisa ukuthi umphakathi uyazitholani izidingo ngesikhathi kusalungiswa isimo. Ngokweziphathamandla zoMnyango, inselelo yokungaholi kwezingane imali yezibonelelo, engu R800 ingane iyinye, kanye ne child support, yinselelo kazwelonke. EHhovisilase Lower Mfolozi kubezinsolo zokuthi zingu-1 376 izingane mbumbulu ebeziholelwa lemali, okudla uhulumeni u-R19 million ngonyaka. UNgqongqoshe uThusi uxwayise amalunga omphakathi asebenzisana nabasebenzi boMnyango ukwakha izingane eziholelwayo yize zingekho (izipoki) ukuthi nawo azobhekana nengalo yomthetho. Uphenyo loMnyango luzombandakanya nokuvakashela izikole namakhaya ukuyobheka ukuthi lezi zingane eziholelwayo zikhona yini, bese umthetho utha the indawo yawo uma kukhona ubugebengu.



# USEYISILOMO ENDAWENI OWESIMAME OSHAYELA UGANDAGANDA WOMNYANGO WEZOKUTHUTHA

Njengamanje indawo yaseNkandla inemigwaqo ebalelwa ku-200 edinga ukugcinwa isesimweni nguGumede nomunye umshayeli abasebenza naye.

## SIBONGISENI THABETHE

Esikhathini esingaphansana konyaka nje eqale ukusebenza eMnyangweni wezokuThutha njengomshayeli kagandaganda, owesifazane waseNkandla uthi iyamangaza indlela asephenduke ngayo isilomo kubantu bendawo yangakubo. UNkk Celumusa Gumede, ongomunye wabesifazane abambalwa abashayela imishini yokulungisa umgwaqo, uthi usebenza kanzima ukukhombisa abesifazane basemakhaya ukuthi nabo bangenza kwenzeke kunoma yimuphi umkhakha othathwa njengowabesilisa. Uqashwe uMnyango wezokuThutha ngoJune wonyaka odlule kanti manje usebenzisa omunye wogandaganda abasanda kudluliselwa esifundeni sonke uNgqongqoshe walo Mnyango

uMnuz Willies Mchunu. Ngokuthenga ogandaganda abasha uMnyango uhlose ukuba uhlangabezane negebe emsebenzini wokucina imigwaqo yobhuqu isesimweni esifundazweni. Njengamanje indawo yaseNkandla inemigwaqo ebalelwa ku-200 edinga ukugcinwa isesimweni nguGumede nomunye umshayeli abasebenza naye. Ngenxa yobuningi bomsebenzi negebe elihlale likhona, omunye umsebenzi unikezwa osonkontileka abazimele ukuba bawenze. “Ekuqaleni akubanga yinto elula ukusebenza umthamo ongaka kodwa sekusegazini manje. Ngithola nokukhuthazeka kubantu bendawo, ikakhulukazi besifazane, abahlale bekikiza behalalisa uma bengibona ngisebenza ngogandaganda.

Bajabuliswa kakhulu nangukuthi ngifana nendodakazi yabo njengoba ngizalwa khona lapha eNkandla” kuphawula uCelumusa Gumede. “Ngithanda ukubonga kakhulu ithuba uMnyango wezokuThutha osinika lona njengabesifazane. Ngolwazi engilutholayo nsuku zonke lapha, sengiyakwazi nokulungisa okunye kuwona ugandaganda. Siyabonga nokuthi le mishini emisha ifakwe ama-air conditioning, okusho ukuthi ngisebenza kahle ngivikelekile othulini nokushisa,” kusho uGumede. Ongumphathi kaGumede uMnuz Sanele Nkosi uthi ubona lona wesifazane njengomqeqeshi wakusasa.



UNkk Celumusa Gumede usebenza ngokuzethemba kugeleja wakhe njengoba ethathwe elungisa umgwaqo oya eThalaneni Clinic eNkandla. **Isithombe: SBU ZUNGU**

# Uthathe igxathu owezokuThutha ungenelela kolwamabhasi oThungulu



UMNUZ Willies Mchunu ophathiswe ezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi ethula inkulumo emhlanganweni wokuxazulula udaba lwamabhasi eMpangeni ngeledlule. **Isithombe: ZINGISA HLATHI**

## SIBONELO MCHUNU

UMNYANGO wezokuThutha usungenelele ekutholeni isisombululo mayelana nokusebenza kwamabhasi athutha umphakathi endaweni yasoThungulu. Lesi sifunda sike saba nezinkinga kamuva nje kulandela ukungaboni ngaso linye

phakathi kwezinkampani ezimbili zokuthutha, uThungulu Bus Line neTansAfrica. Lezi zinkampani bese zisebenzisane ndawonye iminyaka eyisikhombisa ngaphambi kokuba kumiswe ukusebenza kwesivumelwano sazo ngenxa yezingqinamba ezaphakanyiswa abashayeli kanye nomphakathi. Emhlanganweni wabezindaba obungeledlule

eMpangeni, uMnuz Willies Mchunu ophathiswe lo Mnyango ucacise kabanzi ngendlela lolu daba oselusetshenzwe ngayo. Embikweni kaMchunu kuvele ukuthi Uthungulu Bus Line belusebenza ngaphansi kwenkampani i-TansAfrica nalapho belunamabhasi angu-40. Nokho umphakathi kanye nabashayeli bafaka izikhalo mayelana nendlela

inkampani uThungulu Bus Line esebenza ngayo. Ezinye zezinto umphakathi owawukhala ngazo ukungabi sesimweni esigculisayo kwamabhasi, ukungahlonishwa kwabagibeli kanye nokunye. Abashayeli babekhala ngezimo ezingagculisi abasebenza ngaphansi kwazo kanye nokunganakwa umqashi. Lolu daba lube seludluliselwa eMnyangweni wezokuThutha esifundazweni ukuze ungenelele futhi uthole nesisombululo. Kube sekuqalwa uphenyo ngonyaka odlule phakathi kukaMay noJuly. Okuhlaluke kulolu phenyo loMnyango ukuthi ukumiswa kokusebenza kwenkampani uThungulu Bus Line kwabe kungekho emthethweni ngakho kwabe sekuyalelwa ukuba inkampani ibuyiselwe. Yize kunjalo, uMnyango wakhipha umyalelo wokuthi ngaphambi kokuba inkampani uThungulu Bus Lines ibuyiselwe umsebenzi, kuyomele kuqale kulungiswe lezi zinkinga ezathulwa abashayeli kanye nomphakathi. Le mibandela ibibandakanya ukuba inkampani Uthungulu Bus Lines ilethe ubufakazi be-account kadizili, izimvume zokusebenza, inani lamabhasi angu-40 kanye namanye ayizipele, ukuqokwa kukaMqondisi-jikelele, ukuqokwa kukamxhumanisi womphakathi

kanye nesimo sezezimali senkampani. Emuva kwalemizamo yoMnyango, kuqhubekile ukungaboni ngaso linye kwalezi zinhlangothi, njengoba udaba luhambe lwaze lwafinyelela enkantolo, nayo enqume ukuba inkampani uThungulu Bus Lines ibuyiselwe emsebenzini. UMchunu uthi uMnyango usuwenze konke okusemandleni ukuzama ukuxazulula le nkinga. “Imizamo yethu njengoMnyango ikhombisa ngokusobala ukuthi imigomo yethu iyiyo kanye, ngakho kumele inkampani uThungulu Bus Line ibuyiselwe umsebenzi. Kumele futhi sibuye sikhumbule ukuthi inhloso ngqangi yezokuthutha umphakathi ukuthutha wona umphakathi, hhayi ukuba uhlukumezeke ekubeni ukhokha imali yawo futhi kuyiwona mgogodla webhizinisi. “Asikwazi ke ukuqhubeka nokuvumela ukuba abantu baxhashazwe ngalolu hlobo. NjengoHulumeni, sizimisele ukusebenzisana nazo zonke izinhloso ezithintekayo ukuzama ukulungisa lolu daba. Kanti futhi uma imizamo yethu ingaphumeleli, kuyomele sibheke nezinye izindlela zomthetho njengokuthi siyinqamule lenkontileka bese siqoka enye inkampani kabusha,” kuxwayisa uMacingwane.



# UMNYANGO UFUNDISA IZINGANE UKUBHUKUDA

**Lokubambisana kuzovulela amathuba okufunda ngamanzi ezinganeni eziphuma ezindaweni zasemakhaya nasemakhaya ahlwempu, lokhu kuzobasiza uma bewela imifula namadamu**

Ukuhamba phambili kweKwaZulu-Natali ngezibalo zabashona ngenxa yokuminza sekuholele ekusungulweni kohlelo lokufundiswa kwezingane amakhono okubhukuda nendlela yokuziphatha emanzini. Loluhlelo, olwaziwa ngeSwimanathi lwethulwe ngokusemthethweni ngempelasonto edlule nguNgqongqoshe weZobuciko, Amasiko, eZemidlalo noKungcebeleka, uNkk Ntombikayise Sibhidla-Saphetha e-Ushaka Marine World eThekwini. UMnyango weZemidlalo Nokungcebeleka, iKwaZulu-Natal Aquatics neUshaka babambisene kuluhlelo lapho kufundiswa khona izingane ezingama 285 ngobuhle nangobungozi bamanzi. Lezingane, ezineminyaka ephakathi kweyi-7 ne-11 ziphuma ezikoleni eziyisithupha zasemakhaya kanti zizochitha izimpelasonto ezinhlanu zifundiswa ukubhukuda ngendlela enobumnandi kanye nokuziqwashisa ngemidlalo yasemanzini kanye nemisebenzi yakhona. Enkulumeni yakhe uSibhidla-Saphetha ubophezele uMnyango

weZemidlalo Nokungcebeleka ngokuthi uzothengela lezikole ezi-6 ama-swimming pool aphahekayo ukuze izingane ziqhubeke nokufunda ngamanzi nokuvulela ezinye amathuba. UNGqongqoshe uthe uMnyango unesifiso sokusabalalisa loluhlelo kuzo zonke izifunda zaKwaZulu-Natali. “Lokubambisana kuzovulela amathuba okufunda ngamanzi ezinganeni eziphuma ezindaweni zasemakhaya nasemakhaya ahlwempu, lokhu kuzobasiza uma bewela imifula namadamu aseduze kwalapho behlala khona. “Phezu kwalokhu uMnyango ufuna ukugqagqazela intsha ukuba ingenele imidlalo yasemanzini,” usho kanje. UNkk Stella Khumalo, oyisikhulu esiphezulu euShaka Marine World uthe kuyabajabulisa ukufundisa izingane besebenzisa ingqalasizinda yabo. “Kulezingane azibhekile nje kuphela ukuba zifunde ukubhukuda, kodwa kuhlengwa nempilo yabangingi. Iningi lalezingane ziwela imifula noma zidlale eduze kwamadamu nemihosha.” UMongameli we KZN Aquatics uMnu Peter Thompson uthe



lezingane zifundiswa ngabethuli bezifundo abaqeqeshiwe abangama-30 kanti uthembisile ukuthi kuyophela amasonto amahlanu lezingane sezikwazi ukubhukuda. Osomabhezini nezinhlangano ezizimele bayanxuswa ukuba

bafake isandla ukuze lokuhlelo lufinyelele kwezinye izifunda. Abafisa ukubamba iqhaza bangashayela ucingo uMnu Thompson kule nombolo 083 2700 420 noma uMnu Manqoba Bhengu woMnyango ku 072 125 6787. Izikole ezibambe iqhaza yilezi:

Lokothwayo Primary School (Ilembe District), Sakhesethu Primary (Ilembe District), Engulule Primary (Ilembe), Ngqalabutho Primary (Ugu District), Sibanesethu Primary (Ilembe), Mphalweni Primary (Umzinyathi).

# I-KZN iyisiFundazwe sokuqala ukuhlonipha abaqeqeshi

**BHEKI NCUBE**

IsiFundazwe saKwaZulu-Natali sizizihlala phambili ngokuba ngesokuqala ukunika izitifiketi abaqeqeshi asebenesikhathi bewenza lomsebenzi kodwa bengawufundele. Lokhu kulandela ukuthi kube yiso esesiqalise uhlelo lukazwelonke lokuqeqeshwa kwabaqeqeshi iNational Coaching Framework (NCF) egunyazwe yinhlangano esingethe ezemidlalo kuzwelonke iSouth African Sports Confederation and Olympic Committee (SASCOC). Ukuba phambili kweKZN kufakazelwe nguMengameli weSASCOC uMnu Gideon Sam ngesikhathi ezogcoba laba baqeqeshi eThekwini, emva

kokuba kade bephothule izifundo zokubenza babe nezitifiketi zalomsebenzi nyakenye. Bangama-70 abanikwe izitifiketi ezigunyazwe emhlabeni wonke kusekela kwezokuba ngabasizi babaqeqeshi, abaqeqeshi qobo, abazofundisa abaqeqeshi njalo njalo. Laba bavela kwizinhlobo ezahlukeni zezemidlalo, kanti bazosiza ukuvala igebe nokuswelakala kwamakhono, nadingekayo ukuphumelelisa uhlelo lokwenza kube nokulingana kwezemidlalo. Uhla lwalabaqeqeshi luhlanganisa abaningi abangosaziwayo endimeni yezemidlalo esibala kubo abadlali

besizwe bebhola lomqakiswano uBongiwe Msomi no Precious Mthembu, uCalvin Peterson webhola lezinyawo, nabanye. Ngendlela ahlabeke ngayo umxhwele ngeKZN, uMnu Sam uze wancokola ngokuthi uzohlohl abaseKZN ebhasini ukuyiqeqesha abaseMpumalanga Kapa naseNtshonalanga Kapa, nokuyilapho evela khona. Inhlalo yoMngango Wezemidlalo Nokungcebeleka uNkkz Rohini Naidoo uthe ukwethweswa kweminyezane kwabaqeqeshi abayi-70 kuqopha umlando. Uthe loluhlelo lugunyaza abaqeqeshi osekunesikhathi bewenza lomsebenzi kodwa bengenazo izincwadi zalokhu;



Abaqeqeshi be-netball bami noMengameli we Netball South Africa uMimi Mthethwa (ogqoke ezimnyama) ngemuva kokuthola izitifiketi. UMthethwa uphahle ngu Neeshia Rupnarain (kwesokudla) oyi Menenja yama Proteas neSekela lika Kapteni wama Proteas uBongiwe Msomi.

Uhlelo lwe NCF lubeka ngokucacile ngomgudu wezokufundiswa kwabaqeqeshi bezemidlalo kusukela esigabeni esiphansi kuze kuyofinyelele phezulu. Uhlelo lonke

oluchaza lokhu luyatholakala kwi website yakwa-SRSA ethi [www.srsa.gov.za](http://www.srsa.gov.za) kanjalo neyakwaSASCOC.



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL  
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

# RAPE IS A CRIME

## 365 Days Anti-Women Abuse Campaign

### UKUDLWENGULA KUYICALA

#NOCONSENTNOSEX





# OWEZIMALI UQOQA IZIMVO ZABANTU NGE BHAJETHI EZITIMELI

Bekungokokuqala ukuthi umnyango engiwuphathisiwe uye kubagibeli bezitimela ukuyothola izimvo zabo ngesabelomali.

## SIBONELO MSOMI

**A**bawuvalanga umlomo abagibelo bezitimela eThekwini kuleli sonto bezithela kuNgqongqoshe wezeziMali KwaZulu-Natal uBelinda Scott kanye nenhloko yoMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni uSimiso Magagula esitimeleni bexoxisana nabagibeli ngesabelomali.

UNgq. Scott noMnuz. Magagula bahole ithimba labasebenzi bomnyango behambisana nethimba lakwaMetrorail ebeliholwa nguMnuz. Zama Nomnganga bechaza kabanzi ngesabelomali sesifundazwe kanye nokusebenza kukahulumeni.

Lezi ziphathimandla zibuye imigodla yazo inyinyitheka emva kokuba abagibeli beziimela ezihamba phakathi kweDurban Station kanye nakwaMashu bebaphathise khona izimvo zabo abafisa ngabe uhulumeni uzibuke uma sekuthulwa isabelomali eSishayamthetho.

INhloko yoMnyango uSimiso Magagula uthe kumjabulise kakhulu ukuxoxisana nabantu ngezindaba zesabelomali.

Uthe abantu bakhombise ukuthi bayakuqonda ukubaluleka kwesabelomali.

"Basiphathise izinto eziningi okuyizifiso zabo ukuthi uhulumeni azibuke uma esethula isabelomali. Bayancoma ngezinhlelo eziningi uHulumeni azithule emiphakathini zokuqeda ubuphofu, ukwentuleka kwamathuba emisebenzi kanye nokungalingani.

Bayaqonda ukuthi nakuba seyibonakala indima eselihanjiwe yilo hulumeni wentando yabantu, kusekuningi kusasilele okufanele aqhubeke akwenze ukuze iNingizimu Afrika ithuthuke ngokwanele," kusho uMagagula.

UMnyango wezeziMali kudingeka ukuthi uthole izimvo zabantu uma ulungiselela isabelomali.

UNgq. Scott ubejabule ukuthi



UNgqongqoshe uBelinda Scott ulalele insizwa endala engumgibeli wesitimela ngesikhathi imtshela ukuthi yini efisa ukuthi uhulumeni ayenze endaweni yangakubo eThekwini.

athole leli thuba lokuphendula imibuzo yabagibeli ngomsebenzi womnyango wakhe kanye nohulumeni.

"Bekungokokuqala ukuthi umnyango engiwuphathisiwe uye kubagibeli bezitimela ukuyothola izimvo zabo ngesabelomali.

Sithole abantu abehlukene futhi abaqhamuka ezindaweni ezehlukene. Izimvo zabo beziziningi futhi zikhuluma ngezidingo eziseminyangweni kahulumeni eyehlukene.

Sibhale phansi konke abantu abakhala ngakho futhi

sizokudlulisela eminyangweni efanele nakomasipala abathintekayo ukuze kulandelelwe konke abantu abakushoyo. "Leli thuba eliyinqayizivele lisisizile ukuthi sithole kabanzi ngokufiswa ngabantu ezindaweni abaqhamuka kuzo. Sizothi uma

saba imali sazi ukuthi izidingo zabantu ziyini," kuchaza uScott.

Abantu bacele ukuthi uhulumeni abahlinzeke ngezindlu, ugesi, imigwaqo, imitholampilo, njalo-njalo.



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL  
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

# SIYAQHUBA!

sisemkhankasweni **wokuguqula**  
**izimpilo zabantu**



# UKUZIMISELA KWABALIMI BASEHALADU KUJABULISE INKOSI YESIZWE SAKWAMOLEFE

Le nhlangano yabalimi ihlanganisa abesilisa abayishumi nanhlanu, abesifazane abayishumi nane kanye nentsha engamashumi amabili nathathu.

## LONDIWE NGIDI

Umphakathi waseHaladu ngaphansi kweNkosi uMolefe, eNquthu, uyisibonelo esihle sokuthi ukusebenza ngokuzikhandla kunomthelela omkhulu futhi omuhle ekukhuliseni isivuno esihamba phambili.

IHhovisi laseNquthu ngaphansi koMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali oholwa nguMnuz Cyril Xaba lihlele usuku lokucobelela abalimi basendaweni yaseHaladu ngolwazi olubanzi ngezoLimo, kakhulu ngokunakekela isivuno sommbila.

Lo mcimbi ububanjelwe eCelumusa High kanti abalimi bahlangane ngobuningi babo ukuzothola ulwazi ngokukhulisa isivuno sabo.

Laba balimi bakule ndawo abaziwa ngeHaladu Maize Project sebethshale ummbila ongaphezu kwamahektha angu-400 ngokuxhaswa uMnyango ngemali ongaphezu kuka-R 5 million ngenhloso yokusiza abalimi abasafufusa ukuze babe abalimi abazimele abakwazi nokuhwebela izimakethe ezinkulu nezangaphandle.

Le nhlangano yabalimi ihlanganisa abesilisa abayishumi nanhlanu, abesifazane abayishumi nane kanye nentsha engamashumi amabili nathathu.

Baphawule ngokuthi ukusebenza ndawonye ngokuhlanganyela kuhle ngoba sekubakhele ubudlelwane obuhle emphakathini, ukuhloniphana, ukusekelana nokugqugquzelana.

Bahambe befumbethe ulwazi oluchichimayo lapho befundiswe kabanzi ngezifo ezihlasela ummbila okuthiwa zinomthelela wokunciphisa isivuno, zehlise nezinga lesivuno.

Isikhulumi ebesivela enhlanganweni esiza abalimi bommbila i-Panmar, uMnuz Reggie Mchunu, ugcizelele ukubaluleka kokugoma ummbila wabo emasimini ukuze abalimi bangalahlekelwa inzuzo.

UMnuz Stephen Ferrera, obephuma enhlanganweni yabalimi bokusanhlamvu i-GrainSA, futhi ongungoti yezesayensi yomhlabathi uxwayisa lomphakathi ngokubaluleka kokuhlola umhlabathi ngaphambi kokutshala izitshalo ukuze utshale isivuno esiwufanele umhlabathi ngesikhathi esifanele.

Ngaphezu kwalokhu labalimi bahambe nolwazi oluphelele ngokusetshenziswa kwamakhemikhali okulwa nokhula, baphinde baxwayiswa ngokubaluleka kokuwagcina ezigubhini zawo ukuze amalungu omndeni angagcini ewasebenzisa ngephutha.

Babuye bakhuthazwa ukuthi

bafake izimpahla zokuzivikela uma beyofutha izitshalo zabo.

UNksz Londiwe Sibisi wophiko lwakwa-ADSS eMnyangweni, ufundise kabanzi ngokubaluleka kogeziyano zabo ngendlela efanele.

Inkosi uMolefe igoqa kulo mcimbi ithe iyajabula futhi iyaziqhenya ngesizwe sakwaMolefe esikhombisa ukusebenza ngokuzikhandla, nokusebenza beyibumba ukuphumelelisa umsebenzi wokuvuna ummbila endaweni yaseHaladu.

Uthe ufisa ukubona bekhula abalimi baseHaladu babe ngabahwebi bokudla abasezingeni eliphezulu futhi abahlonishwayo wayesenxusa ukuthi bazimisele bakwazi ukubambisana uma kunezinkinga behlise umoya basebenzele ukuthula ukuze imizamo yabo ingapheleli emoyeni njengezithukuthuku zenja.

“Indlala sizoyiqheda ngokuyeka ubuvila.

Asihlabele phambili nokugqamisa imisebenzi emihle yalesi sizwe.

Lethelani udumo oluhle indawo eniqhamuka kuyo,” kusho uMolefe.



Inkosi yesizwe saKwaMolefe eNquthu efake zibuko phakathi nendawo income iqhaza elibanjwe ngabalimi bayo ekuqinisekiseni ukuba akhona kokudla esiFundazweni Isithombe: **EPHRAIM MBATHA**



ICONSI NECONSI OLIMOSHAYO LINGENZA UMEHLUKO EMPHAKATHINI.

# ONGA AMANZI

A GROWING, DEVELOPING AND CARING PROVINCE FIRMLY FOCUSED ON **VISION 2030**





# UXABA UFEZE ISETHEMBISO EMZUMBE

Kusekhona okuningi okusamele kwenziwe ngemikhiqizo kamoba njengoba kungewona kuphela ushukela ngakhiqizwa kodwa kungenziwa neminye imikhiqizo ebandakanya umkhiqizo kagesi

## XOLISWA MNGUNI

nkululeko yezomnotho kubantu baseMzumbe incike kakhulu ekudlondlobalisweni kokutshalwa kukamoba. Lana amazwi ashiwo nguMhlonishwa uCyril Xaba, onguNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya eKZN, KwaQoloqolo ngesikhathi eyofeza izethembiso ayezenze emphakathi wakuleya ndawo ngo-2014. Ubehambisana nenhlangano yabakhiqizi bakashukela i-South African Sugar Association (SASA). Bethule i-projekthi yemali engu-R14 million ezosiza abalimi ukuthi bakwazi ukubhekana nemisebenzi yabo ngokukhululeka. Ukufika kukaMhlonishwa uXaba nethimba lakwa-SASA baye kuleya ndawo ngenhloso yokuphendula isicelo esasenziwe ngabalimi baseQoloqolo ngesikhathi ehambe kuleya ndawo ngonyaka ka-2014. UXaba wavakashela indawo yaseMzumbe lapho ayeyolalela khona izikhalazo zomphakathi, lapho khona umphakathi waphakamisa isicelo soxhaso lokutshala ngendlela yesayensi ebizwa ngokuthi yi-ratoon management, okuwukutshalwa kukamoba kusetshenziswa isiqu sikamoba esigawulwe lapha phansi esisala ngesikhathi uvunwa. Inkinga eyaba khona kwaba ukuthi isomiso siphazamise kakhulu abalimi yingakho becele uMnyango ukuthi ubasize ubatakule ezinkingeni

zabo. Umkhakha kashukela nomoba uyinsika nomgogodla wendawo kanye nabantu bakwaQoloqolo. Umoba usube yinsika nomnotho waKwaZulu Natali iminyaka eminingi kakhulu ngaphambi kokuphazanyiswa yisomiso, lomkhakha ubaluleke ngendlela eyisimanga kangangokuba onyakeni odlule lomkhakha usudale amathuba omsebenzi kubantu angaphezu ka-350 000. UNGqongqoshe ehambisana nabakwaSASA bethule le projekthi eyisizumbulu esingango-R14 million endaweni ukusiza ukuthuthukisa nokuhlinzeka abalimi bakamoba ukuze bathole izinsiza kusebenza. Amaprojekthi athole uxhaso yi-Glendale Fencing Project, Ratoon Management in Sezela Project kanye ne-Food Security kubalwa kwamanye. UMnuz Xaba uthe ukuthi lemali engango-R14 million izokwazi ukubiyela indawo engamakhilomitha angu-70 yendawo yomphakathi, iphinde ibiyele indawo engango-1 207 wamahekta angaphansi kohlelo lwe-ratoon management kanye namahektha angu-102 okunetshwa amasimu kamoba. UNGqongqoshe uthe umkhakha kashukela ubaluleke kakhulu emnothweni waKwaZulu Natali futhi uMnyango wezoLimo ubambe iqhaza elikhulu ekuthuthukiseni abalimi bakamoba abasacathula ukuba bathuthuke futhi bazimele.



UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uMnuz Cyril Xaba, nePhini likaSihlalo weBhodi kwa-Sasa, uMnuz Suresh Naidoo ngesikhathi belekelela abalimi bakamoba bomphakathi waseSizweleni. **Izithombe: MBUYISELO NDLOVU**

“Injongo iyikuba siphose itshe esivivaneni ngokuletha uncedo kubalimi bakamoba abaludingayo futhi sibavulele amathuba okuba basuke ekubeni ngabatshali abasafufusa, bakhule bangene esigabeni sokuba ngabakhiqizi bakashukela abasesigabeni esikhulu,” kusho uMnu Xaba. Ngaphandle kwalolu sizo lwamanje uMnyango uvele usekhaleni lezinhlobo zokusiza abalimi kwazise uzibandakanye nezinhlelo eziningi zikamoba. UMnyango ube yingxeny yomsebenzi wokusatshalaliswa kukamanyolo nembewu kamoba odle u-R18 million. Abalimi bakamoba abangu-2 367 nemifelandawonye engu- 27 izicelo zabo zemukeliwe ukuze bahlomule ngaphansi kwalolu hlelo lokusiza abalimi. Omunye wabalimi

abathole uxhaso obephuphuma injabulo, uMnu Norman Cele, uthe ujabule ngendlela eyisimanga ngoxhaso alutholile. UMnuz Cele uthe uMnyango umzise ngokumlimela insimi yakhe engamahekta eyihektha nesigamu kanti abakwa-SASA bamsize ngokumtholela indawo azothengisa kuyo umsebenzi wakhe. Uthe usebenzisana kakhulu nabakwa-Illovo, okungabakhiqizi bakashukela abamandla esiFundazwe saKwaZulu-Natali. Ubonge wanconcoza kuHulumeni ngokumfaka igxalaba emizamweni yakhe yokuzithuthukisa ebhizinisini likamoba. IKwaZulu-Natali ikhiqiza umthamo kamoba ongu-80% ezweni lonke. UNonkosi uthe le mboni isemqoka kakhulu ukuba uHulumeni azibandakanye nayo njengalokhu ingumgogodla

emnothweni wase-KZN. “Akungatshazwa ukuthi inamathuba amahle okufaka abampisholo ebhizinisini elinomqondo njengalokhu iQhinga loGuquko lwezoLimo lesiFundazwe lifuna kwenziwe kanjalo. Kusekhona okuningi okusamele kwenziwe ngemikhiqizo kamoba njengoba kungewona kuphela ushukela ngakhiqizwa kodwa kungenziwa neminye imikhiqizo ebandakanya umkhiqizo kagesi i-biomass nowoyela ibiofuels.” kusho uXaba. Ukungena kwabalimi abamnyama abangakapakela nakulezi zinhlobo zemikhiqizo kungadala inqubekela phambili ebabazekayo ekufukulweni kwabasathuthuka kwezomnotho esikhathini esizayo.

# Lizibona selikwelenyoni iciko elivundululwe wuMnyango

## STHEMBISO SHANGASE NO SIHLE SIKHAKHANE

Iciko lase Sganqa eMzimkhulu eningizimu yeKwaZulu-Natali uMnuz Ezra “D” Mahlasela libonga uMnyango Wezobuciko Namasiko kulesisifundazwe ngokuliveza ezweni. UMnuz Mahlasela oneminyaka engama 49 wazalelwa khona eMzimkhulu waqala esemncane ukubumba nokudweba waze wakhula nakho njengoba esexosha ikati eziko ngabo ubuciko. “Ngonyaka we 1986 ngaphumelela ibanga leshumi maqede ngalibhekisa eGoli ngiyofuna amatoho kodwa ngabuya emva kweminyaka eyishumi ngazoqedela ibanga leshumi nambili sengilenza esikoleni sabadala khona la eMzimkhulu”, kuchaza uMnuz Mahlasela. Uthi uqhubekele nokweza umsebenzi wezandla okubala ukudweba, ukupenda nokuqopha mathe nokubumba. “UMnyango Wezobuciko Namasiko ungiphe amathuba amaningi ngoba wanginika ithuba lokukhangisa ngomsebenzi wami ePietermaritzburg ohlelweni olwaziwa ngokuthi Ezobuciko

ePaki (Art In The Park)”, kuqhuba lensizwa. Ngesikhathi uMnyango Wezobuciko Namasiko umvakashele uzithele kuyena ematasa edweba ijazi uphawu lweqembu lebhola elidumile i-Orlando Pirates. Uthi abalandeli bebhola bayamunika umsebenzi wokudweba omakalabha nezinye izimpahla zokuhloba ukuze bakhombise ukweseka kwabo amaqembu ehluahlukene. “Ngonyaka wezi 2009 bengimatasa kakhulu, umnyango Wezobuciko Namasiko ungifundise ukupenda izindwangu njengoba igidigidi lemidlalo yebhola lezinyawo yowezi 2010 kade liphezulu”, Kuchaza yena uMnuz Mahlasela. Ngokusho kuka Mnuz Mahlasela angathanda ukuxhumana namanye amaciko asedumile njengo Mnuz Lungelo Gumede ukuze afunde nokuzikhangisa nokuphatha ibhizinisi lezobuciko ngendlela efanele. Uthi nezikole ziyamunika amathuba njengoba isikole sendawo yangakubo iStrangers Rest Primary School



Imisebenzi kaMahlasela **Izithombe: Lungile CHILI**

samunika ithuba lokuthi abhale ibhodi elibekwe esangweni lakhona elinegama lesikole. Uqhuba ngokuthi angafisa ukuthi afundise nezinye izingane zesikole ngezobuciko njengoba vele

indodakazi yakhe endala uSlindile oneminyaka eyi 13 esefundile ukuzakhela onodoli ngobuciko abafunde kuyena.UMnuz Mahlasela uphetha ngokuthi abantu bangakubo abayithatheli

phezulu imisebenzi yezobuciko nezandla ngakho kuyamphoqa ukuthi umsebenzi wakhe awudayise kude noma avume ukuwushibhisa kakhulu ukuze udayiseke.



# UQHUBA IBHIZINISI LOKUFUYA NGEMPUMELELO PHAKATHI EDOLOBHENI

Asikho isicubu esisilahlayo, sidayisa ngisho nomhlwehlwe othengwa kakhulu omama bawusebenzise ekwenzeni ukudla okunjengesitambu nokunye.

## MBUSO MFEKA

Uhlabeke umxhwele uNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya ngendoda yakwaMashu esiphenduke impunyela yomfuyi nakuba isebenzela endaweni esedolobheni.

UMnuz Petros Dladla unesizinda esikhulukazi lapho efuye khona izinkomo ezicishe zibe yinkulungwane.

Phakathi kwazo kukhona ezingaphezu kwamakhulu amahlanu ezibekelwe ukuthi zizalisane bese kuba nenye ingxenye edayiselwa umphakathi.

Umhlonishwa uXaba lokhu kumshiye ebambe ongezansi ngenkathi ehambele kule ndawo ngenhloso yokuxoxisana nalo mfuyi ozimisele ukudlulisela ulwazi kwabanye abafuyi abasafufusa kanye nalabo abasanda kungena embonini.

Umbono kaNgqongqoshe uXaba ukuthi kwande abalimi nabafuyi abazongena ebhizinisini, babambe iqhaza elibonakalayo baphinde babenomthelela ekuthuthukiseni umnotho wesiFundazwe.

Lo mbono ubonakala uzophumelela ngegxathu alithathile uNonkosi lokuxoxisana nabalimi abadala embonini abanolwazi olujulile.

UNgqongqoshe yonke indawo lapho ehamba khona uhleze ekubalula ukubaluleka kokuqeqesheka ngokwanele kwababambe iqhaza kwezolimo.

Abantu abanjengoMnuz Dladla asebemnkantshubomvu embonini ibona kanye umNyango obadingayo ukufukula nokuqeqesha abafikayo kule ndima.

Uhambo lukaMgabadeli alubangalula njengoba eke wabhekana nezingqinamba eziningi njengokususwa endaweni ayefuye kuyona, esuselwa ukuthi useduze nemizi yabantu ekubeni wayenayo imvume yokusebenzela khona.

Lokhu kwaphoqa uMgabadeli ukuba azame enye indawo, okumanje usasebenzela kuyona.

Le ndawo esesizinden i samafemu asePhoenix, uma udlula angeke unake ukuthi lukhulu oluqhubeka kuleya ndawo.

Akujwayelekile okwenzeka laphaya njengoba kuyindawo ephithhezela izimoto kanye nabantu abasebenza emafemini aseduze, angeke ulindele ukuthi kungaba khona nesibaya, amadela enobuchwepheshe bakamuva.

Lo msebenzi kaMnuz Dladla uqala ekuyikhuliseni inkomo kuze kufike ekudayisweni kwenyama kanye nesikhumba sayo.

Konke lokhu kwenziwa ngaphansi kweso nobuchwepheshe bakhe uMgabadeli ogabe ngezisebenzi aziqashile ezingaphezu kwamashumi ayisithupha,



okubalwa kubo imikhakha eyahlukene kusukela kwabaqinisekisa ukuhlanzeka kuye kulabo abaxhumanisi inkampani nabathengi.

Echaza, ubeke lo msebenzi njengebhizinisi yokusiza abantu njengoba ukusebenza kwakhe kuyikhipha i-middleman okuyiyona eyenza ukuba intengo yenyama imbe eqolo.

Ukuba kuhle kwamanani akhe kufakazelwe ukugcwala kwamakhasimende ezothenga inyama ngokuhlukana kwawo. Izimoto zingena ziphuma ukuhambisela amakhasimende akhe inyama.

Uthe amakhasimende akhe akhona kuwo wonke amazinga njengoba ephakela inyama nomhlwehlwe kwabesifazane abadayisa ukudla emigwaqeni kuze kuyofika ekufakeleni amakhasimende akhe angamahhotela.

UDladla ukubeke ngokusobala ukuthi akadlaleli ngasezingeni lomkhiqizo wakhe njengoba nje eqinisekisa ukuphepha kwemfuyo yakhe, lokhu kufakazelwe ukubona amakhulu ngamakhulu ezinkomo zonke zifakwe uphawu ukuqinisekisile ukuthi ayikho imfuyo yakhe angayazi ukuthi ikuphi.

Uphinde enze isiqiniseko sokuthi imfuyo yakhe ithola imijovo nemithi ezolwisana nezifo ezihlasela imfuyo.

Okuhlaba umxhwele ukuthi lapho kuhlinzwa khona kusetshenziswa ubuchwepheshe nobuhlakani bakamuva, lokhu kubonakale ngenxanxathela yemishini eyenza ukuhlinza kubelula.

Echaza uthe ngesinye isikhathi bayazihlinza izinkomo

ezingamashumi amabili nesihlanu ngosuku olulodwa. Kulokhu kuhlinza kuze kuqedwe kungazange kusetshenziswe imibese ngenxa yobuchwepheshe abasebenza ngabo.

Umshini wokuhlinza uqinisekisa nokuthi ayikho inyama egcina ngokusala esikhumbeni. Phakathi kwemishini esetshenziswayo kukhona ngisho oqeda iphunga nokopha esilwaneni esiqeda kuhlinzwa.

“Inyama yethu ayindala, sidayisela amakhasimende ethu umkhiqizo omusha njalo, ayifani nenyama ethengwa kwezinye izindawo lapho ungathola khona ukuthi mhlampe isinezinyanga yahlala ngaphambi kokuba ibesemashalofini ezitolo, eyethu konke kwenzeka lapha” kuchaza uDladla.

Uphinde wabalula nokuthi likhulu kakhulu inani elingakhishwa inkomo nje iyodwa uma isesimweni esilungele imakethe, ube esechaza nokuthi bona baphinde bahambise nezikhumba ziyoshukwa bese ziyadayiswa.

Ngokulinganisa kwakhe inkomo ngayinye uma iphile ngokwanele futhi ihlinzwe ngendlela ingenza imali ephakathi kuka-R15 000 kuya ku-R25 000.

Lokhu ukufakazele ngokuthi ukwahlukaniswa kohlobo lwenyama ngama-grades yikho okwenza kubelula ukufinyelela kuleli nani.

“Asikho isicubu esisilahlayo, sidayisa ngisho nomhlwehlwe othengwa kakhulu omama bawusebenzise ekwenzeni ukudla okunjengesitambu nokunye. “Imikhiqizo enjengalena isiza ngisho nalabo abadla imbuya

ngothi. Siphakela lonke uhlobo lwemakethe ngoba size sifike nasemahhotela imbala” kusho uDladla.

UDladla ukhombise okukhulu ukuqikelela inhlanzeko emkhiqizweni wakhe njengoba ekubeke kwacaca ukuthi ayikho inyama ayidayisela umphakathi idutshulwe ngesibhamu sangempela ngoba inhlamvu yakhona inobuthi obuyingozi kepha usebenzisa uhlobo lwesibhamu olwaziwa nge Air Gun ebulala inkomo ngaphandle kokuyizwisa ubuhlungu.

Ube esexwayisa abasenza umkhuba wokudubula izinkomo ngezibhamu zangempela ukuba bawuyeke lo mkhuba ngenxa yobuthi obutholakala enhlamvini.

Njengoba nje isiFundazwe singesinye sezihlaselwe isomiso, uDladla udlisa imfuyo yakhe utshani obugudle emihosheni ngaphansi kweso elibukhali labelusi abasebenza ukuqikelela ukuhanjiswa nokulandwa kwemfuyo.

Akukaze nakanye kubekhona imfuyo etholakala seyiwuvanzi idla ingalusiwe.

Ukuphepha kwemfuyo yakhe kusemqoka njengoba nje ekuqinisekisa ukuthi yonke imfuyo iphawuliwe njengokubalula komNyango ngokubaluleka kokwenza lokhu.

UDladla uthi kweyakhe imfuyo akukho ngisho neyodwa angayazi ukuthi ikuphi. Lokhu uthi kumsiza nsukuzonke ukuthi abone ukuthi ziphelele na noma kukhona edukile. Ukusebenza ngokuzinikela kuka baba uDladla sekumenze wasabalalisa umkhiqizo wakhe njengoba esephakela amabhusha

UMnuz Petros Dladla owumfuyi wezinkomo ekhombisa uhlobo lwenyama alidayisayo ezilaheni zakhe.

Izithombe: **MBUYISELO NDLOVU**

amalokishi amaningi eTheku anjengo Mashu, Mlazi, iChesterville namanye.

Ukwenza lokhu kubelula kunabesifazane abayisithupha abaphuma zonke izinsuku ngamaloli behambisa inyama noma kuphi lapho idingeka khona.

“Umsebenzi wethu ukuqinisekisa ukuthi amakhisimende ethu apatheke kahle nokuthi inyama bayithola ngesikhathi yonke indawo.

“Umkhiqizo wethu uyawagculisa futhi amakhisimende ethu yikho nje singena siphuma lapha ukuzolayisha amanye ama order aye, phakathi kwasibahambiselayo singabala izindawo zokucisha ukoma kanye nawoshisanyama nokunye.” kusho uZanele osebenza ukuxhumana namakhasimende edolobheni eThekwini.

UDladla ukuqinisekisile ukuthi imakethe yenyama ikhona futhi isabalele ngoma iwukudla okusetshenziswayo kakhulu. Inqobo nje uma ukulomkhakha kumule uqinisekise impilo yemfuyo, ukwakha umphakathi wakho wakhasimende, uqonde izidingo zawo, uphinde uqiniseke ukugcina amabhuku akho esesimweni esamukelekile.

Ngokwakhe lokho kuyokusiza kakhulu, yena ugabe nangokufakela amajoyinti kanye nawoshisanyama cishe wonke amalokishi.

UMnuz Dladla ulishaye le ihlombe uhlelo lomNyango lokubuyisela ukudliwa kwenyama yembuzi emphakathini.

Uchaze lokhu ngokuthi kusiza kakhulu njengoba inyama yembuzi igcwele izakhamzimba kanti futhi mingi imikhiqizo engenziwa ngayo. Ukuqinisekisile nokuthi bona njengabahwebi benyama bakulungele ukudaisela umphakathi ngenyama yembuzi.



# INTOKAZI YASEMPANGENI IGILA EZIBUKWAYO NGENGQEPHU

Asikho isicubu esisilahlayo, sidayisa ngisho nomhlwehlwe othengwa kakhulu omama bawusebenzise ekwenzeni ukudla okunjengesitambu nokunye.

## LUNGILE CHILI

Intokazi yakwesikaBiyela eMpangeni u Tholi Nxumalo uthi ubonga ithuba alinikwa wumnyango Wezobuciko Namasiko ngonyaka wezi 2010 ngokumengula ubumnyama asebenzise izandla.

Lomsiki wengqephu osebenzela Olundi enyakatho yesifundazwe wafundiswa wumnyango ngezokusika ingqephu nokuthunga izinto zokwembatha uthi ikusasa lanoma yimuphi umuntu omusha lisezandleni zakhe.

“Abantu abaningi ikakhulukazi abasha bayithatha kancane imisebenzi yezandla bazitshele ukuthi yinto yezalukwazi ezisuke sezingubo ziyeweni zigqashukelwe ulayini kanti akunjalo” kusho UNksz Nxumalo.

UNksz Nxumalo osika ingqephu yesimanjemanje enhlobonhlobo uthi waqala ukuthunga esemncane

futhi kuyinto nje ebekhule eyithanda ngoba ngisho ekhaya lakhe akekho omuntu ayebukela kuyena ngezokuthunga.

Lentokazi ifunde esikhungweni somnyango Wezobuciko Namasiko esibizwa ngokuthi iNdonsa esisoLundi lapho kuthathwa khona abantu ikakhulukazi besifazane befundiswe ukuthunga ingqephu ezahlukahlukene.

Kuloluhlelo abagcini ngokufunda ukuthunga izingubo kuphela kodwa bathunga nezikhwama benze nezicathulo.UMnyango uphinde wabafundisa ukwenza izinto ezenziwengesikhumba, njengamabhande nezicathulo.

Uthi isifiso sakhe esikhulu ukuthi avulele amathuba emisebenzi kubantu abangasebenzi ngokuthi avule indawo yakhe lapho ezofundisa khona ukuthunga

aphinde athunge izimpahla ezizodayiselwa izikole nomphakathi wonkana.

‘Ngingathokoza kakhulu ukuthi nami ngelinye ilanga kube khona umuntu osebenzayo ethi wasizwa uTholi ngoba kubuhlungu ukubuka abantu bebulawa indlala kodwa bebe benawo amakhono” kubeka uNksz Nxumalo.

UNksz Nxumalo uthe unxusa kakhulu intsha ukuthi iyeke ukukhetha imisebenzi kodwa isebenze ngokuzikhandla ekuthuthukiseni amakhono ukuze ikwazi ukuxosha ikati eziko futhi iwanqake ngezandla zombili amathuba avulwa yiminyango kahulumeni efana noWezobuciko Namasiko. Kumanje uNksz Nxumalo usebenzela erenki yamatekisi Olundi lapho esusa khona ingubo phansi aze ayoqeda engasizwa muntu.



Imisiko ka Tholakele Ngema noTholi Nxumalo. Izithombe: LUNGILE CHILI

ICONSI NECONSI OLIMOSHAYO  
LINGENZA UMEHLUKO EMPHAKATHINI.

# ONGA AMANZI

A GROWING, DEVELOPING AND CARING PROVINCE FIRMLY FOCUSSED ON **VISION 2030**

